



# ISHIDI LAMAQINISO: ICALE LOKUPHIKISA UKUMBIWA KWA-OYELA OLWANDLE LAKWA-ZULU-NATAL

**SOUTH DURBAN COMMUNITY ENVIRONMENTAL ALLIANCE IBHEKENE NONGQONGQOSHE WEZAMAHLATHI NEZOKUDOBA NEZEMVELO - ENI SOUTH AFRIKA KANYE NOSASOL**

## UMSUKA WALENTO NABATHINTEKAYO

- I South Durban Community Environmental Alliance (SDCEA) ithathe ungqongqoshe wezemvelo enkantolo emva kokuvunyelwa kokumbiwa kwa-oyela olwandle lakwaZulu Natali.
- Ungqongqoshe wezemvelo uvumele inkampali yaphesheya ebiza nge ENI zisebenzisana noSASOL ukuba bagubhe u-oyela olwandle lethu.
- Lesisivumelwane senzeke ngokubukwa komthetho sisekelo wezwe obhekelele Ezemvelo act 108 ka 1996.
- Uma lento ivunyelwa ukuthi iqhubeka kuyobe kusho ukuthi kuzogujwa kuze kube kayisthupha 6 bude buduze olwandle ER236 Lokhuke kuzokwenzeka kusukela olwandle lwase KZN kuye kuyoshaya ko - East Landani kanjalo ne St Lucia
- Kuzofakwa izinto ezinde ezishona phansi emanzini ezindaweni ezimbili lezi abazobe beneshisekelo ukuzisebenzisa kodwa indawo esolwandle abayidingayo isazobhekwa kahle.
- Ukugujwa kuzobe kuqhubeka okuzoveza okuhlukahlukene okuzophuma kungene olwandle.
- Okwamanje lento isamile kodwa kunento ethi kungase kube khona ukudayiselana komsebenzi okungenzeka kodwake u-SDCEA uzophinde ugijime ezinkantalo ukuvimba lokho.
- SDCEA usekwa iNatural Justice Kanye ne-Green Connection baphinde bamelwe abameli iCullinan and Associates.
- Icala lizongena enkantolo yase Pitoli.

## IZNSUKU EZINGOKHIYE

- **August 2019:** Usekela shlalo we zokumbiwa namandla waphasisa ukuqhutshwa komsebenzi wokumba.
- **October 2019:** SDCEA Kanye nezinye izinhlangano zomphakathi eziwu 46 bafaka ukubhekwa kabusha kwalokhu kugunyazwa kwalomsebenzi wokumba u-oyela.
- **December 2020:** Ungqongqoshe wezamaahlathi nemvelowazichitha izikhalo zokubhekwa kabushwa kwesinqumo.
- **June 2021:** SDCEA wadlulisela ukubuyekeza isinqumo sokuchitha isinqumo sokuthi kungambiwa kanjalo nalesi esithi akumbiwe.

Ungqongqoshe nezinye izinhlanga banamasonto amathathu ukuba bakhombise ukuthi benzenjan bayalwisana nalokhu noma chabo.

Usuku lwecala lusazovezwa uma sekusondele.

## UBUNGOZI KWIMVELO NAKUBANTU

- Izindawo okuzobe kumbiwa kuzo u-oyela ziseduze kwezindawo ezihlala izilwane ezithile ezihlala olwandle okungumthetho wakuleli ukuba zivikeleke.
- Ubungozi obungaba khona bungaziwa izigxobo zekhorli ezivikela imvelo emanzini okungagcina kulimaza izilwane ezizwelayo njengemikhoma ethlakala kulezindawo.
- Lokhu kumbiwa kwa-oyela kuyoba nomthelela ekuphumeni koSayidinsi kuphinde kuphazamise indlela okwenzeka ngayo izinto olwandle.



**Climate crisis  
Marine protected areas  
Impacts on ocean species  
Sardine Run  
Oil spills**



- Lento izodala izinkinga ekudobeni kubantu ababhukudayo nakubantu abasebenzisa ulwandle ukwenza izinto ezithile zamasiko namadlozi.
- Uma kunokwenzeka kuqhume lo oyela olwandle sikhohlwela ekutheni uyohamba uze ufike kulezindawo okumee ngabe zivikelekile ezihlala izilwane zasemanzini.
- Loluhlelo lokugubha u-oyela lufikanezinkampani ukuzodlala ngabantu luphinde lusiholele ekungcoliseni umhlaba okudala ukuguquguquka kwesimo sezulu.

## UKULWA KWETHU NGOKUVUNYELWA KWALENTO KUMI KANJE

- SDCEA ulwe ngokubheka lokhu okulandelayo:  
**Evemvelo kuzwelonke isenzo sokuphatha**  
**Evemvelo kuzwelonke sokuphatha: ukusetshenziswa ngokwethembeka nbuqotho**  
**Evemvelo kuzwelonke sokuphatha: kwezindawo ezivikelekile**  
**Evemvelo kuzwelonke sokuphatha: zokwehlukani kwemvelo**
- Lemithetho ikhonela ukuvikela ulwandle ngenhloso yokuligcinela izizukulwane ezizayo.
- Ngokwalemithetho kungumsebenzi wokubuswa kwezwe ukuba bavikele ulwandle nokwahlukana kwezilwane eziphila emanzini kwenzelwe wonke umuntu wakuleli nesizukulwane esizayo.
- SDCEA uphikisana nokusetshenziswa ngobulungiswa kolwandle ngokomthetho sisekelo ukuthi uhulumeni abuke ubungozi noma umthelela lento ozoba naye esikhathini eside esizayo okungaba nomthelela kubantu nakukho konke okuphilao lokhuke kubizwa ngokuthatha izinqumo ezingqala.
- ASCEA uphikisana nokuthi ungqongqoshe akabhekisise umonakala wokuguquguquka kwesimo sezulu kanjalo nokungcola okuzobe kuphuma kuleyo nadwo okuzobe kumbiwa kuyo njengoba uMzansi Afrika usuzibophezele ekwehliseni ukungcola okuqhamuka ezimbonini.
- Icala elisenkantolo nalo liyakuqinisekisa ukuthi leGesi ayizukususa indlela okwenziwa ngayo ugesi njengoba kukhona eziphephile ezingenabungozi zokusebenzisa imvelo ukuphehla ugesi.
- Siqhubeka umonakalo zobakhona ezilwaneni mkhulu kanjalo nemiphakathi eyakhelene nalezindawo izoba mningi kakhulu.
- SDCEA ukholelwa ekutheni lento ayilethile ukuzonika abantu okuthile kodwa isilethela ukungaphephi nje kuphela.

**Breaches National Environmental Management Act  
State is required to protect the oceans and coastline  
What about future generations  
Alternative fuels are available like renewable energy  
Climate Change impacts**

## OKUHLE UMA SIWINA ICALA

Uma uSDCEA ewina icala lokho kobe kusho ukuthi akushintshwe isinqumo sokuvumela ukumbiwa kwa-oyela ukuthi kume ngaphandleke uma kunokusha okuthinta imvelo abangakuthol bese befaka iscelo. Noma kunjalo umthetho omusha ovikela imvelo ubukeka ubheka kakhuku indlela zokusebenziseka kolwandle kanjalo nokuguquguquka kwesimo sezulu nemithelela yakho.

Uma ijaji liphikisa iziphakamiso zethu kuzoba nomthelela ekujuleni kolwandle kanjalo nokumbiwa kwe-Gesi kuyokwenzeka.

Kungase kugcine sekuba nomthelela nakwamanye amacala athinta ukuhlukunyezwa ukushintsha kwesimo sezulu okudalwa zinkampani kuyomele kuqhubeke uma ezinye izinto seziphasisiwe.